



Lezithombe zikhishiwe ku"Missionsblatt" April/May 2015, zithathiwe ngo-1. 3. 2015 eSalem ngosuku lokungeniswa kombh. uAndries M. Maragelo esikhundleni sokuba ngumbhishobhi.
Dikgang tse di Khutshwane - IziNdaba eziFingqiweyo
tsa Kereke ya Lutere- zekerike ngokobuLuthere

May 2015 (Zulu)

Ngomhla ka 3. 2. 2015 kwamenyezelwa ukuthi namuhla kwaqalwa umnyaka wokufundisa ka-2015 ekholishi, elithiwa **Lutheran Theological Seminary in Tshwane.** Sekufikile abafundi abathile abasha, ababili abaqhamuka esifundamfundisi saseNtshonalanga (NW) basendleleni. Nomfundi munye weFELSiSA uthanda ukuqala ekholishi.

Ngokufundela ubufundisi ekholishi, noma ngokufunda izwi likaNkulunkulu nezivumo zeKerike ngokobuLuthere ukuhlela intshumayelo, noma ukufundisa amakilasi okufundela ukubhapthizwa, noma ukuqiniswa, ake sikhumbule ukuthi noma ekholishi, noma emsebenzini webandla asiphiwanga isikhathi leso ukuba sifunde nje, kodwa sikhumbule njalo noma singabafundi bekholishi, noma sinesikhundlu ebandleni ukuba simiselwe ngenhloso yokulwela amakholwa, kanye namabandla amakholwa impi yokuba thina ngokwethu siqiniselwe ekukholweni yinsindiso neqiniso lezwi likaNkulunkulu, intethelelo yezono ngokukholwa nguJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu ngomusa. Okusho ukuthi sifunde njalo ngokusha ukulungiselwa kahle ukwenza umsebenzi wenkonzo yesivumelwano esisha, engesiyo Ainkonzo yokufa, enamagama aqoshiwe ematsheni@, kodwa Aeyinkonzo kaMoya enenkazimulo emiyo, eyinkhonzo yokubuyisana noNkulunkulu ukuba sincenge abasizwayo esikhundleni sikaKristu ukuba babuyisane noNkulunkulu.@ Makudonswe abasha abesilisa abaningi ngalawomazwi ukuba bazinikele ukuya ekholishi ukuzilungisela lomsebenzi omuhle kangaka wokuba izisebenzi zezwi levangeli, nabesifazane badonswe ngalawomazwi ukuba bazinikele ukuya ekholishi ukuzilungisela umsebenzi omuhle wothando emabandleni wokuba ama-Adeaconeces@!

Ngomhla ka 1 March 2015 kwangeniswa esikhundleni **umbhishobhi uS. M. A. Maragelo**, endlini

yokusonta enkulu yaseSalem, eduze naseMkhondo, wangeniswa ngumbh. uDr. K. P. P. W. Weber, kanye nephini lombh. uVictor Vilakazi, umfundisi omkhulu wesifunda saseMpumalanga, nabafundisi abakhulu oC. Mosenogi waseNtshonalanga, noM. S. Danisa waseGoli, noM. Thwala waseKwaZulu-Natal, abe ngumbhishobhi weKerike ngokobuLuthere eNingizimu Afrika, Umsebenzi wenziwa phambi kwebandla elikhulu elavela emabandleni amaningi ekerike lakithi ukuhlangana entokozweni yalolusuku oluhle.

Umf. uDr. P. R. Ntsimane wasukuma ukusukumisa unina wombhishobhi nomkakhe, nabafundisi bekerike lakithi kanye namakhosikazi abo ngokuphawula amagama abo, nendawo lapho besebenza khona.

Umbh. uMaragelo esengeniswé, **wangenisa umf. omk. uMandla Thwala, umfundisi omkhulu waseKwaZulu-Natal, abe iphini lombhishobhi** kuleminyaka bobabili abakhethelwe yona emhlanganweni wesinodi leKerike ngoDecember eWartburg, kuze kube kukhethwe futhi.

Esengeniswé umbh. uMaragelo nephini lakhe umbh. uMaragelo washumayela ngezwi elilothiwe kuJer. 17:7-8, elithi: AUbusisiwe umuntu othemba kuJehova, nothemba lakhe linguJehova. Ngokuba uyakuba-njengomuthi otshalwé ngasemanzini, ozenabisa izimpande zawo ngasemfuleni.@ Wagcizelela ngamazwi amaningi indaba yokuthi sonke sidaliwe nguNkulunkulu onenhloso ngathi. AGod has a purpose with everyone of us.@ Waphawula ukuthi neNdodana kaNkulunkulu uthunyiwe emhlabeni ngenhloso, wasekela leliqiniso ngezwi elilotshiwe kuJoh. 3:16, elithi: ANgokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe-nokuphila okuphakade.@ Ngokuyilandela iNdodana kaNkulunkulu, iNkosi, ngokuyethemba inhloso kaNkulunkulu ngathi ingukuba sihlose ukuba sonke nabanye sisindiswe, sithele izithelo Anjengomuthi otshalwé ngasemanzini ozenambisa izimpande zawo ngasemfuleni.@ Lawamazwi ayasikhumbuza namazwi eHubo lokuqala, athi: Aunjengomuthi otshaliwe ngasemifuleni yamanzi, othela isithelo sawo ngesikhathi sawo, oqabunga lawo lingabuni, nakho konke akwenzayo uyakuba nenhlanhla kukho.@ Yebo, impela siyamfisela umbhishobhi wethu ukuba akhumbule inhloso azibophile ngayo ngokuvuma ukuthi uyakuhola ikerike, nokwelusa izifunda ezinkulu nezamabandla ngokwezwi likaNkulunkulu ngokuhlukanisa kahle umthetho nevangeli, njengokusho kwezivumo zeKerike ngokobuLuthere, nangesakhiwo sekerike lakithi. Noma kungaphawulwanga kanjalo entshumayelweni, ake sikhumbule okulotshiwe esakhiweni sekerike lakithi ngokwenhloso yomsebenzi wekerike lakithi noma ngomgomo wawo ngamazwi athi: AUmgomo weKerike utholakala emyalweni kaKristu (othokala kuMark. 16, nakuMath. 28, nakuLuka 24, nokuJoh. 20, nakuzo izE. 1, othi: AHambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhapathizwe, uyakusindiswa, kepha ongakholwayo uyakulahlwa;@ AHambani nenze izizwe zonke abafundi, ngokubabhapathiza egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele, nangokubafundisa ukugcina konke enginiyalé ngakho; wathi

kubo: Kulotshiwe kanje ukuthi uzakuhlupheka uKristu, avuke kwabafileyo ngokusku lwesithathu, kushunyayelwe egameni lakhe ukuphenduka okuyisa ekuthethelelweni kwezono ezizweni zonke; AKhona uJesu wabuye wathi kubo: Ukuthula makube kinina. Njengokuba uBaba engithumé mina, nami ngiyanithuma nina. Kwathi ukuba usho njalo, wabaphephetha, wathi kubo: Namukelani uMoya oNgcwele, enibathethelela izono zabo bathethelelwe; nenibabamba ngazo babanjiwe, nokuthi: ANizakwamukeliswa amandla, uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu, nibe ofakazi bami eJerusalema, naseJudiya lonke, naseSamariya kuze kube sekugccineni komhlaba.@ Kanjalo kwayalwa yiNkosi ukuba kushunyayelwe ivangeli lakhe, futhi kubhapathizwe, kuthethelwe izono. INkosi yamisa nesidlo sayo, yathi: Bamukelise umzimba wayo negazi layo, ngokwenza kanjalo amakholwa akhumbule ukufa kwakhe ngokwamukela intethelelo yezono ngokukhumbula. Ngakho-ke iKerike **Alizahlukanisela izisebenzi zezwi ukufundisa ivangeli likaJesu Kristu**, **babele namasakramente njengokwesimiso sikaKristu.** Lomsebenzi embusweni kaNkulunkulu uqondiswe emalungwini alo onke, nakulabo abangakayazi iNkosi uJesu Kristu. IKerike linakekela amalungu alo, ukuthi njengabalandeli bakaKristu basize abantu abahluphekile.@ Endaweni enye yesakhiwo kuthiwa: ANgakunjalo iKerike lifanele linakekele ukuba onke amabandla afundiswe ngesineke iKhathekisemu elincane likaLuthere, bonke abavangeli bazi, futhi bamukele isivumo saseAugsburg esingaguquliwe njengesivumo seKerike labo, nokuba bonke abafundisi bazibophela ezifundisweni zezivumo zobuLuthere ngesithembiso abasenza, mhla begcotshwa.@ Noma umbhishobhi engaphawulanga inhloso noma umgomo esimiselwe wona esakhiweni ngasuka eSalem ngokuvuselelwa ukuba ngicabange ukuthi kuzoqhubeka umsebenzi ekerikeni lakithi nasemabandleni akithi kanjani, uma bonke bezobuyela emakhaya ukuhlolisisa amazwi eKhathekisemu elincane kanye nezithasisela salo encwandini yezivumo (p. 285-307) ukusukuma ukuba abafundisi nabashumayeli bakhumbuze ezintshumayelweni zabo nasekufundiseni kwabo okuphawuliwe khona maqondana nakho uNkulunkulu ethanda ukuba kwenziwe, nabebandla bakhumbule zonke lezinhloso okukhulunywa ngazo, nakuzo zonke izeluleko zikaKristu emavangelini, nezabaphostoli eTestamenteni elisha. Ngithi: Khona kuyakuvela imvuselelo enhle kakhulu, sonke sizodabukiswa emoyeni ngokukhunjuzwa ukuthi asigcinanga uNkulunkulu athanda ukuba sikuqaphele, kodwa singagcini khona ekudabukeni kwethu, kodwa sibuyele kuKristu ukuba sithethelelwe nguye noma esibikweni, noma ngokuvama ukusondela esidlweni sakhe ukwamukela umzimba wakhe nokuphuza igazi lakhe elithululelwe thina sonke nabanye kube intethelelo yezono, kuvele imvuselelo ukuba izisebenzi zezwi zisekelwe kahle, imisebenzi yonke ethandeka emehlweni oMsindisi wethu yenziwe ngentokozo nangokubonga.

Kwakhulunywa amazwi okubingelela umbhishobhi ngokumfisela isibusiso seNkosi ngokuqinisa ukuthi iNkosi yekerike eqalile umsebenzi walo, iyakuwufeza nasesikathini esizayo. Umbh. uWeber wamfisela umbh. uMaragelo ukuba aphumelele ngokusizwa yiNkosi ukufeza akuthembisile ngesibopho sakhe, sokuhola iKerike ngokobuLuthere eNingizimu Afrika ngokuqhuba kahle okwezwi likaNkulunkulu, nakho

okwesivumo sekerike, nakho okwesakhiwo sekerike. Umbh. uDr. Dieter Reinstorf weFELSiSA waveza ithemba lekerike lakubo ukuthi kuyakwenzeka ukuba kuqhutshwe umsebenzi wokusebenzelana nekerike lakithi ukuba kuqutshwe ngenhloso okwaqalwa ngayo esikhathini sombh. uWeber ukuba lamakerike amabili ahlangane nangokuvumelana ngesakhiwo esisodwa sekerike. UProf. uDr. John T. Pless wabingelela esikhundleni sekerike lakubo egameni loMongameli uDr. M. T. Harrison, nasegameni lomongameli wesifundafundisi omk. saseSID, umf. uTimothy Scharr, ngokuqinisa ukuthi abekerike lakubo kanye nabekholishi laseFort Wayne bathanda ukusebenzelana nekerike lakithi emsebenzini omuhle wokuyisa uJesu Kristu kwabezizwe ngentshumayelo yevangeli elihlambulukile nangokuphatha amasakramente ngokwesimiso sawo ngokwevangeli, umf. uChristoph Weber umongameli weMLC, ummeli weLKM ngokomthetho ezweni lakithi wabingelela esikhundleni sombh. uH. J. Voigt, DD. weSELK, nesomongameli weLKM umf. uRoger Zieger ngokuveza ithemba lokuba ukusebenzelana phakathi kwemishane nekerike kuqhubeke njengaseminyakeni yonke edlulé esikhathini sombh. uDr. G. Schulz, nombh. uDr. uD. P. Tswaedi, nombh. uDr. uK. P. P. W. Weber.

Wonke umsebenzi waleyolanga waphathwa enkonzweni yesidlo seNkosi, isibiko saphathwa **ngumf. uJ. Mafereka** wasentshonalanga, indlela yenkonzo yaphathwa yiphini elisha lombhishobhi umf. omk. uMandla Thwala. Emva kwenkonzo kwalungiselwa bonke ababefika emkhosini lowo ukudla. Ngabe nabo ababengaphumeleli ukufika eSalem ngalelolanga befikile ukuthokoza kanye nebandla elikhulu ngalentokozo eyabonakala emehlweni alabo ababekhona, nangokwezwakala ngamaculo, ngamachoruse, ngezinkulumo, ngokubetha kwamacilongo, nokuhlabelela kwamakhwayi! Kwakuyintokozo yekerike elitholile umbhishobhi omusha.

Ngomhla **ka 6. 4. 2015**, ngosuku lwesibili lomkhosi wokukhumbula ukuvuka kweNkosi **umvi. uThomas Beneke wagcotshwa** ngumbh. weSELK uH. J. Voigts, DD., esizwa ngumf. uR. Zieger, umongameli weLKM, nomf. uH.Gevers eLeipzig, ukuba abe ngumfundisi.

NgesiJalimane kukhona ivesi leculo elithi: ANkulunkulu, uyasithanda kakhulu esingabantu abayizoni emhlabeni, Siyabonga, ngokuba wehlisele izwi lakho emhlabeni, lishunyayelwe ngabesikhundla abalishumayelayo, nokusabela amasakramente, njengalokhu kwenzeka manje nasezweni lakithi ukuba siphenduke, sikholwe nguKristu.@

Ngomhla **ka 10. 5. 2015** umf. uBeneke uzongeniswa yiphini lombh. uDr. D. Reinstorf umf. uR. Gevers ukuba abe ngumfundisi webandla leFELSiSA laseNewcastle, umsebenzi wakhe usekelwe nanguLKM neMLC. **Kuyathenjwa ukuthi namabandla eLCSA, kakhulu aseKwaZulu-Natal azofika ukugubha lomkhosi kanye nebandla laseNewcastle.**